

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES
MCHUNU EMHLANGANWENI WOKULWA NOBUGEBENGU EMTSHEZI
MHLAKA 02 AUGUST 2010**

Mphathi wohlelo;
Amalungu eKhabhinethi;
Amalungu ePortfolio Committee;
Abamele izinhlangano zepolitiki;
Izimeya, Amakhansela, Izimenenja zoMasipala nabasebenzi;
Amakhosi;
Abaholi bamabhizinisi nezinhlaka zemiphakathi;
Ukhomishana wesifundazwe namalungu eSAPS;
Usihlalo namalunga e-CPF;
Abamele abasebenzi;
Abamele abemboni yamatekisi;
Abamele izinhlangano zamaBandla;
Abasebenzi beMinyango ngokwehlukana kwayo;
Abaholi bentsha;
Bafowethu nodadewethu;
Ngianibingelela nonke

Mangithathe leli thuba nginamukele nonke nonke kulo mhlangano obaluleke kangaka wokulwa nobugebengu. Kimina ukuba khona kwenu lapha kutshengisa ukuzimisela kwenu ekwenzeni le ndawo ibe ngephephile nenempumelelo.

Njengoba silapha namhlanje sisembhidlangweni. Umbhidlango wethu ubizwa ngo-Operation Hlasela. U-Operation Hlasela umayelana nokuphaka impi ebhekene nazo zonke izinto ezingaba nomthelela ekushubeni kwesimo kule ndawo. NjengoHulumeni ngokusebenzisana nani, asikwazi ukuvumela isimo esizosiphuca into eyigugu kabantu bakithi, okuwukuthula.

NjengoHulumeni, abaholi bomphakathi ezinhlakeni ezihlukene nanjengamalungu omphakathi wale ndawo, kumele sithathe indawo yethu, sisebenze ngokuhlanganyela ekutholeni izisombululo zezinselelo esinazo kwezokuphepha okuyimanje zibeka engcupheni inhlalakahle yabantu bakithi.

Usuku Iwanamhlanje ngolokwabelana ngemibono, sixoxisane bese siqhamuka nezisombululo ezizosisiza sonke. Phela inhloso yalo mhangano ngukuba sixoxisane sivumelane ukuthi asivumelani bese sithola isisombululo.

UHulumeni wesifundazwe usemkankasweni **wokwakha umbimbi lokulwa nobugebengu**. Manje iyiphi-ke enye indawo yokwenza lokhu ngaphandle kwale ndawo lapho uxolo nokuzinza kwesimo kubonakala kuphanyiswa yizigameko esezeke zenzeke kule ndawo - ezisanda kwenzeke nezenzeke esikhathini esiphambilini?

Sazi kahle kamhlophe ukuthi konke lokhu kungenzeke uma nje sihlanganisa umfutho wethu nako konke esingakusebenzisa. Ngakho-ke le Symposium ibizelwe ukuhlanganisa ubuchopho bese sivumelana ngeqhaza omunye nomunye okumele alibambe ukwenza imiphakathi yakule ndawo ithokozele ukuba sendaweni ephephile kubantu bonke, abancane, abadala, abesilisa, abesifazane nezingane.

Njengoba ngike ngasho phambilini, uHulumeni wesifundazwe ngaphansi kukaNdunankulu uDkt Zweli Mkhize ugale uhlelo olwaziwa ngo-Operation Hlasela. Lona ngumkhankaso ohlose ukuba sihlanganise izinhlelo ezizokwenza sikhawazi ukungenelela ezindaweni lapho kunezinselelo ezinzima zezokuphepha. Ngomsebenzi ofuqwa uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi engiphathiswe wona, njengoHulumeni wesifundazwe sisebenza ngokubambisana nezinhlaka zomphakathi, sibeke eqhulwini lokhu okulandelayo:

- Ukugqugquzelu nokuletha ukuthula nozindo endaweni;
- Ukunqanda nokuhlonza ubugebengu obuqhamukayo;

- Ukugqugquzelu ukusebenzisana okuhle phakathi kwamaphoyisa nemiphakathi;
- Ukuqinisa ukusebenzisana phakathi kwemiNyango kaHulumeni endaweni;
- Ukusungula izinhlaka zokuphepha zomphakathi;
- Ukucija ngolwazi izinhlaka zemiphakathi ezisebenzisana namaphoyisa;
- Nokukhuthaza ukwakhiwa kwamakomidi emigwaqo endaweni.

Sengikushilo konke lokho, ngifisa ukugcizelela ukuthi silokhu sikholelwa ukuthi abantu bakithi yibona uqobo lwabo abaphethe ukhiye wethemba lekusasa elingenabugebengu nodlame.

Yingakho-ke sithi ngokwenza lo mhlangano wanamhlanje sihlose ukubambana nani ngezandla ukuze sithole amasu okunqoba impi yobugebengu.

Imibuzo ebalulekile okumele sithole izimpendulo zayo njengoba sihlangene lapha namhlanje ngeyokuthi:

- Siwugcina kanjani umphakathi uphila impilo ekahle futhi silekelele ukwenza ngcono isimo sokuphilisana endaweni?
- Singamgcina kanjani uHulumeni evuleleke ekuxoxisaneni nabantu, asheshe ukuphendula futhi abe ngonakekelayo?
- Siqinisekisa kanjani ukuthi izinhlaka zomphakathi zihlala zizibophezele futhi zihamuke namasu amasha okulekelela?
- Siwugcina kanjani umphakathi wosomabhizinisi usebenza ngokuba nonembeza, uzibandakanye nezinhlelo zethu futhi ube nobubele ekusebenzeni kwavo?
- Ngabe yiziphi izinhlelo zomphakathi zokulwa nobugebengu ezisebenzayo ekuvikeleni intsha ezimweni ezinobungozi ezenzeka emiphakathini yabo?

Esifundazweni sonke, sekusungulwe **ama-Community Safety Forums** ukuyizakhiwo ezizobamba iqhaza elikhulu ekuxhumaneni phakathi kwemiphakathi nabezobulungiswa kanye nabanye ababambe iqhaza. Ama-Community Safety Forum yiwona azodlulisela izimpendulo ezivela kuHulumeni mayelana nezinselelo zezokuphepha endaweni, futhi asebenze njengomxhumanisi womphakathi nezobulungiswa. Okubalulekile, bazoqinisekisa ukuthi izinhlelo zokunqanda ubugebengu ziyasebenza, babeke eqhulwini izinhlelo ezibhekelele intsha.

Amakomiti emigwaqo (Street Committees) ayizakhiwo ezizosetshenziswa ukuqinisekisa imizamo yokulwa nobugebengu. Omasipala, besizana nama-Community Police Forum yibona esibanxusa ukuba babambe iqhaza ekwakheni nokuqinisekisa ukusebenza kwamakomiti emigwaqo.

Amakomiti emigwaqo kumele aqale asebenzise izinhlelo zokubhekana nezinkinga zobugebengu kuleyo ndawo aqinisekise ukuthi ulwazi ludlulisela kwi-Community Safety Forum ezingeni lesiFunda ukuze kubanjiswane lapho izisombululo zingatholakali ezingeni lendawo.

Konke lokhu ngeke kwenzeke uma kungekho ukubambisana. UHulumeni usebenza kanzima ukugxilisa umbono ofanayo wempumelelo nokuphepha kwabantu bakithi.

Sengiphetha, kuhlale kushiwo ukuthi izandla ezingenzi lutho usathane uyazisebenzisa. Nimenywe kulo mhlango namhlanje ngoba nimele imisebenzi emihle eyenzekayo kule ndawo – nibalulekile ngendlela ngokwehlukana kwenu njengoba nenza umehluko ezimpilweni zabantu bakithi emikhakheni yenu – noma kusembonini, kwezentuthuko, kuhulumeni noma ebuholini emphakathini. Ngakho-ke, ngaphezu kwakho konke okuzoshiwo namhlanje, ngicela nikhumbule ukuthi lolu hlelo ngolwabantu. Luzophumelela ngokuzibophezelela kwenu. Silindele ukuzwa kuleyo naleyo ngxenye ukuthi yiliphi iqhaza engalibamba ekuletheni ukuthula kule ndawo.

Ngiyabonga.